**UMNYANGO WEMFUNDO WASEGAUTENG**

**UKUHLOLWA KWEBANGA LESHUMI NAMBILI**

**ISIZULU ULIMI LWEBELE**
**IZINGA ELIPHANSI**
**(Iphepha Lesibili)**

**ISIKHATHI: 2 amahora**

**IMIKLOMELO: 75**

---

**IMIYALO**:

- Leli phepha linezigaba ezintathu: A, B no-C.
- Esigabeni A, phendula imibuzo emibili kwemine ebuziweyo.
- Esigabeni B, phendula umbuzo owodwa nasesigabeni C uphendule owodwa.
- Isigaba B no C incwadi ngayinye inemibuzo emibili, umbuzo **OYINGXOXO** nombuzo **OMFISHANE**.
- Phendula imibuzo ihambisane kanje:
  - Uma uphendule umbuzo **oyingxoxo** esigabeni B, phendula **omfishane** esigabeni C.
  - Uma uphendule umbuzo **omfishane** esigabeni B, phendula **oyingxoxo** esigabeni C.

---

## ISIGABA A
## IZINKONDLO

### UMBUZO 1

***Imvubelo*** **– M.A. Maphumulo**

Phendula imibuzo **emibili** kulesi sigaba.

1.1 Funda inkondlo elandelayo bese uphendula imibuzo:

> Ngiphumel' emnyango ngokuguqa,
> Ngikhangw' amadlel' aluhlaza,
> Ezansi namafindo ezintaba
> Ngibone abakhapheyana bezalukisa
> Izinkomo, izimbuzi nezimvu
> Lapho-ke kukwaMalandela.

Ngenhlazane laph' imvelo
Isihlobe ngakho konke,
Ngiduduzw' ikakhulu yileyo
Mibhonso yezinsengwakazi
Nemizwilili yezinyonyana zehlobo,
Okuhlangane kwenz' umpe lothando.

Lapho sezisengiwe, seziqulile,
Umoya wami uyay' ugqanqule
Nemivemv' esuth' ubisi,
Kuhube kuhle kwezinkuzi

1.1.1 Bhala isihloko sale nkondlo. (1)

1.1.2 Ngokwakho ukucabanga kungani imbongi ihaya ngale ndawo? (1)

1.1.3 Ikuphi yona le ndawo? (1)

1.1.4 Zinto zini ezikhanga imbongi kule ndawo? Shono zibe ntathu. (3)

1.1.5 Imbongi ithi iduduzwa yini uma ikule ndawo? (1½)

1.1.6 Nikeza isibonelo semvumelwano siqalo eqondile esebinzeni lokuqala. (1)

1.1.7 Ikhuluma ngani le nkondlo? Chaza. (4)
**[12½]**

**NOMA**

1.2 Funda le nkondlo bese uphendula imibuzo elandelayo

**IMVUBELO**

Baqhub' imbuzi bayadidizela bediyazela,
Umpongo lwezwi luyampompoloza lumpongoloza,
Kuqhuma esiletha umunyu isililo,
Kuqhuma nhlamba kuqhume nduku,
Kuqhume isililo kuqhume uhleko,
Bancinde encumbeni yegwebu lakho.

Abakuzuzile bacokeme kwantengezelayo amagatsha,
Bakudembesele bakweya wabadakisa badakwa,
Zembuleka gembelekeqe izimfihlo namaqiniso.
Namhlanje mvubelo yolwazi badakwe umbuso,
Kuqhuma uhleko sebeshwashwada beshweshweza,
Kuqhuma isililo kwabakukhafula besab' ukudakwa.

**L.F. Mathenjwa**

1.2.1 Ucabanga ukuthi obani laba abacokeme kwantengezelayo amagatsha? (1)

1.2.2 Tomula uhlobo lwemvumelwano olusebinzeni lesibili bese unikeza nesibonelo esifanele. (1½)

1.2.3 Ngokuzwa kwakho inkondlo; imbongi iqondeni ngaleli binza? Chaza. (3)

> Namhlanje mvubelo yolwazi badakwe umbuso,
> Kuqhuma uhleko sebeshwashwada beshweshweza,
> Kuqhuma isililo kwabakukhafula besab' ukudakwa.

1.2.4 Chaza ukuthi ukwenzenjani ukuthatha ngamawala. (2)

1.2.5 Nikeza uhlobo olulodwa lokuxhumana olutholakala kule nkondlo kanye nesibonelo esifanele. (2)

1.2.6 Kule nkondlo imbongi ikhuluma ngotshwala.
Nikeza okuthathu okwenziwa abantu uma sebephuzile. (3)

**[12½]**

**NOMA**

1.3 Funda leli binza le nkondlo bese uphendula imibuzo:

> **ZINKUNZI ZELAKITHI**
>
> Ngibe saphakamis' amehlo
> Ngikhangwa yigubudu,
> Umbhekaphansi njengesambane,
> Liphum' ezocweni ezinzulu,
> Zomshikashika wezingqalabutho,
> Laphenduk' inkinsela yoMgungundlovu;
> Liyalithizela yiminyezane
> Esho ukuhula nokuhula,
> Umahlaba-yihlangene
> Inkunz' emnyam' umaphikelela.
>
> **K.E. Hlongwane**

1.3.1 Ucabanga ukuthi ngubani leli qhawe elibongelwayo kuleli binza? Nikeza nesihloko sombhalo elawubhalayo. (2)

1.3.2 Shono ukuthi nhloboni yesifenqo esiqukethwe yilo mugqa:
Umabhekaphansi njengesambane. (1)

1.3.3 Bubizwani ubunkondlo obudwetshelwe emgqeni 1 no 2? (½)

1.3.4 Chaza la magama alandelayo:

(a) iminyezane (1)
(b) izingqalabutho (1)

1.3.5 Landa ngomqondo osobala wale nkondlo. (5)

1.3.6 Imbongi ithinte amakhosi akwaZulu ekubhalwe izincwadi ngemilando yawo. Nikeza abe mabili. (2)

**[12½]**

**Pheqa ikhasi**

**NOMA**

1.4 Funda leli binza le nkondlo elilandelayo bese uphendula imibuzo:

Kwabanye ungoPhezukonke
Uthi phasha bakudumise bejajile
Ngoba kumnandi kuthokozisa
Nezithombo ngizizwe ngezam' izindlebe,
Ulimi lwazo lubongela ubuwena,
Uzivusa zilele ebumnyameni
Zivuke zikubone Nsizw' endala
Ukwanda kwaliw' umthakathi,
Mana njalo Qhawe lamaqhawe!

1.4.1 Shono ukuthi nhloboni yesifenqo esisetshenziswe kuleli binza bese usekela impendulo yakho ngokucaphuna ebinzeni. (2)

1.4.2 Sinikeze amanye amagama amabili imbongi ebiza ngawo lo embongelayo ngaphandle kwelithi oPhezukonke. (2)

1.4.3 Bunkondlo buni obuqukethwe yilo mugqa olandelayo?
Ukwanda kwaliwa umthakathi. (1)

1.4.4 Landa ngokushiwo yileli binza elingenhla. (3)

1.4.5 Nikeza isihloko sale nkondlo. (½)

1.4.6 Sicaphunele umugqa oyisaga kuleli binza bese uyasichaza. (3)

1.4.7 Sinikeze igama elimqondofana naleli: Bejajile. (1)
**[12½]**

**IMIKLOMELO YESIGABA A: [25]**

ISIGABA B

**UMDLALO**

**UMBUZO 2**

***Ngiwafunge Amabomvu* – Molefe L.**

Phendula umbuzo owodwa kuphela kulesi sigaba. Uma uphendula omfishane lapha usuphoqelekile ukuphendula oyingxoxo esigabeni C kanti uma uphendula oyingxoxo, phendula-ke omfishane ku-C.

2.1 Mandulo kusadliwa ngoludala kwakunesiko elimiyo. Kwakuthi lapho kuzelwe amawele, elinye lawo lendiswe ngoba kukholelwa ekutheni uma lingendisiwe lokho kuzolethela isizwe noma umndeni lowo amashwa.

Kulo mdlalo sithola leli siko lingenziwanga. Xoxa ngamawele oThulile noThulisile nezizathu ezenza ukuba lingenziwa leli siko. Usho nokuthi mphumela muni owaba khona ngokungenziwa kwaleli siko. Xoxa ubhekise kulezi zigameko.

2.1.1 Ukwehluleka kukaMajola ukulandela isiko. (10)

2.1.2 Ukwendiswa kwawo enkosini uMgidi. (15)

**[25]**

**NOMA**

2.2 Funda lezi ziqeshana ezimbili ezilandelayo bese uphendula imibuzo kwisiqeshana ngasinye:

**Isiqeshana A**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Mhn! *(Abhodle, bamkhulekele.)* E, lo mfanyana uma ubheka uyawadinga amasiko alapha ekhaya? |
| Khozeni | : | Akawadingi Ndabezitha. *(Adiyazele esigqikini uMsanka.)* |
| Mzwezwe | : | Vimba Ndabezitha, nako zephuka enduneni! |
| Mgidi | : | *(Ambambe amdudulele emuva.)* Udle isitshodo yini Msanka? |
| Msanka | : | *(Esombuluka.)* Ndabezitha, ngilahlekelwe yinsika. |
| Mgidi | : | Ziyafukama izinkukhu, ngiwafunge amaBomvu ephelele! |
| Mzwezwe/ Msank | : | Ndabezitha! |
| Mgidi | : | Ntombazane, ake ucabe amathambo ukhiphe umnkantsha. Lo mfana akuyena owasebukhosini, nginamanga? |
| Khonzeni | : | Aku ... akumanga nkosi! |

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Ngowakwabani?<br>*(Athi khilikithi phansi futhi uMsanka apheqe amehlo.)* |
| Mzwezwe | : | Hhayi bo! Makuze amanzi athelwe ngawo uMsanka bo!<br>*(Avele emnyango athume uNokufika.)* |
| Mgidi | : | Umuzi kababa ungenwe yini kulezi zinsuku?<br>Yizigqabo zakho nkosazana yasendlunkulu?<br>*(Acwayicwayize uKhonzeni. Afike amanzi, athelwe ngawo uMsanka. Avuke.)* |
| Msanka | : | MaGubeshe, lo mfana akafuni ukubaleka namanje? |
| Mgidi | : | *(Amphendule ngamabomu.)* Kusobala ukuthi akafuni nduna. |
| Msanka | : | UZaba le nto yakhe .. (Athi qwebu amehlo awesule.)<br>Hhayi, hhawu, Ndabezitha, e, ngikuphi? O, Ndabezitha, e ...<br>*(Kuthule isikhathi eside inkosi imbuka uMsanka.)* |

2.2.1 Ake usho ukuthi ngubani lo mfanyana inkosi ebuza ukuthi uyawadinga yini amasiko? (1)

2.2.2 Masiko mani lawa inkosi ewashoyo? (1)

2.2.3 Ngokuzwa kwakho indaba uMsanka udiyazeliswa yini? (2)

2.2.4 Ngubani lo Zaba oshiwo nguMsanka, uhlangana kanjani nalolu daba oludingidwa lapha? (2)

2.2.5 Ucabanga ukuthi iqondeni iNkosi uMgidi uma ithi;
'Ntombazane ake ucabe amathambo ukhiphe umnkantsha'. (2)

2.2.6 Ake usho ukuthi ubezobalekelani uZaba. (2)

2.2.7 Yini isitshodo? (1)

2.2.8 Ucabanga ukuthi kungani inkosi iqoke uKhonzeni, hhayi, uNokufika ukuba izokhuluma naye mayelana nalo mfana? (2)

**[13]**

**Isiqeshana B**

| | | |
|---|---|---|
| Mgidi | : | Uzoke umphuzise kuleso sicathulwana uMajola athibe ilanga, Msanka. |
| Msanka | : | Ndabezitha. *(Abhekise kuMajola.)*<br>Lungangawe ntanga yamashinga. *(Amnike aphuze)* |
| Mgidi | : | E, Majola, ngithandile ukuthi usibone namuhla ke sihlanganise amakhanda ngekusasa lombuso wamaBomvu. |
| Majola | : | Ndabezitha! |
| Mgidi | : | Manje ngithanda ukwazi lapha kini ukuthi uma indlovukazi ithola indlalifa ezobusa iyasuka nenye ithola okufanayo, sizothini ngalokho? |

| | | |
|---|---|---|
| Majola | : | Mhn, kungathanda ukuba ngumqansa Ndabezitha lokho. |
| Msanka | : | Kuyefana nanxa inkosi ithola amawele abafana kanti yona beyikade ifuna indlalifa ezobusa. |
| Mgidi | : | Lapho-ke Msanka ngingathatha elidala. |
| Majola | : | Kepha kukhona isiko elimiyo lomdabu nje Ndabezitha? |
| Mgidi | : | Akumina ngedwa okungabe ngilephulile. |
| Majola | : | Ndabezitha, mina angilephulanga isiko. Inkosi uMbomvu ozala inkosi wangidedela ukuba ngizikhulise lezi zingane, ngoba wayeye wazibona wayesethi ziyizimbali zamaBomvu. |
| Msanka | : | Kanti kayiphaphalazanga ngempela inkosi ukuthatha kwaMajola ngalolu hlobo. Le nto yayihlongozwe yinkosi uMbomvu. |
| Mgidi | : | Wayewabona ekuphi Majola? |
| Majola | : | Wangibiza ukuba ngiwalethe kuye emva kokuthola ukuthi ngehlulekile ukulandela isiko. |
| Mgidi | : | Wawehlulwe yini wena Majola? |

2.2.9 Ake usho ukuthi ngobani lezi zingane okukhulunywa ngazo lapha. (2)

2.2.10 Elesicathulwana liqondeni ngokwendaba? (2)

2.2.11 Izalwa ngubani inkosi uMgidi? (1)

2.2.12 Ngokuzwa kwakho indaba uMajola uma echaza izingane zakhe uthi zinjani? (2)

2.2.13 Ucabanga ukuthi iqondeni inkosi uMgidi ngala mazwi? ... sihlanganise amakhanda ... (1)

2.2.14 Shono ukuthi msebenzi muni owenziwa uZaba lapha ebukhosini. (1)

2.2.15 Inkosi uMgidi ithi uZaba uwenza ngobuqotho lo msebenzi wakhe. Imenzeleni-ke ukukhombisa ukumbonga? (1)

2.2.16 Uyavuma yini ukuthi uThulisile nguyena mlingiswa osemqoka kulo mdlalo? Sekela impendulo yakho. (2)
**[12]**

**IMIKLOMELO YESIGABA B: [25]**

ISIGABA C
**INOVELI**

**UMBUZO 3**

***Isigcawu senkantolo* – Masondo M.M.**

Phendula umbuzo owodwa kulesi sigaba. Uma uphendule oyingxoxo esigabeni B uphoqelekile ukuphendula omfishane lapha. Kanti uma ngabe uphendule omfishane ku B phendula-ke oyingxoxo lapha.

3.1 Kuleli noveli sithola uVika Kubheka evezwe njengomlingiswa ohlala njalo ezivikela, kanti uMagwegwe yena uvezwe njengomlingiswa owenza okungalungile. Xoxa ngezigameko ezifakazela lokhu. **[25]**

**NOMA**

3.2 Funda lezi ziqeshana ezimbili ezilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo.

**Isiqeshana A**

"Ngifuna ukuba uvule umqondo kanye nezindlebe, Themba," kuthatha uNgubane. "Ngifikelwe umcabango mumbe mayelana nokunyamalala kwethini. Ngifuna uthole ukuthi bangaki abaqasha izikebhe bezobhukuda ngababili ngalelo langa."

"Lokho sengivele ngikutholile. Kuthiwa kukhona abesifazane abafika bebathathu, kanye nabesilisa abafika bebabili. Kuthiwa okumangalisayo ngukuthi laba besifazane babebonakala bebhukuda bebabili njalo, lona owesithathu kaziwa ukuthi waphelela kuphi.

"Kulaba besilisa kuthiwa kwakubonakala oyedwa njalo esikebheni, kanti futhi kunowesilisa owayebonakala njalo enowesifazane okungazeki ukuthi babengene nini, futhi isikebhe babesiqashe kuphi. Manje-ke konke lokho akungihluphi ngoba nawe usuyalazi iqiniso lalokho. Okuyibona bantu engikhathazeke ngabo du, ilaba besilisa," kuchaza uThemba. UNgubane yena uthule kuhle komuntu onganake lutho kanti uzwa igama negama elishiwo uThemba.

Uthe ethatha uNgubane wayesethi, "Themba, sengathithi umuntu ubhekene nengwadla lapha. Laba bantu bahlakaniphe kuhle kochakide. Okungijabulisayo ukuthi sengibaqhathile bazoxabana bodwa. Kuyangicacela ukuthi intombazana yayitshelwe isikhathi kanye nendawo lapho yabe izolahla khona ithini lelo.

3.2.1 Ucabanga ukuthi ngobani laba ababili owesilisa nowesifazane ababebonakala njalo besesikebheni bobabili? (2)

3.2.2 Ake uchaze ukuthi ummeli uNgubane ubaqhathe kanjani laba balisa ababili okukhulunywa ngabo. (3)

3.2.3 Sinikeze igama nesibongo sentombazane eyayizolahla ithini, usho nokuthi lalinani ithini lelo. (3)

3.2.4 Ngokuzwa kwakho indaba, laphelela kuphi ithini elalahlwa intombazana kanye nalelo elalahlwa nguThemba? Chaza. (3)

3.2.5 Shono ukuthi bakuphi laba abaxoxayo. (1)

3.2.6 Ababhukudi babeziqasha kuphi izikebhe? (1)
**[13]**

**Isiqeshana B**

> "Ubani owakukhombisa isithombe?"
> "Ilaba banumzane ababili," esho ekhomba uMenzi noZenzele.
> "Bakubuza ukuthi wake wambona noma uyamazi umufi?"
> "Angikhumbuli kahle, kodwa into efana naleyo."
> "Abakubuzanga yini ukuthi lesi sithombe akusiso yini esendoda ebihamba nonkosikazi Kubheka izolo ebusuku?'
> "Kungathi bangibuza kanjalo kodwa anginalo iqiniso."
> "Ungabe usayikhumbula kahle imibuzo yalaba banumzane?"
> "Engikukhumbulayo ukuthi bangikhombisa isithombe base bebuza ukuthi ngake ngayibona yini le ndoda?"
> "Wavumelana nabo kulokho?"
> "Ngathi kubo mhlawumbe ngake ngayibona.

3.2.7 Ucabanga ukuthi ngubani lo fakazi owakhonjiswa isithombe, kanti futhi wayenza msebenzi muni? (2)

3.2.8 Kuliqiniso yini ukuthi lo fakazi uyamazi umufi akhonjiswa yena esithombeni? Chaza. (2)

3.2.9 Lo fakazi okhonjiswa isithombe uphonswa imibuzo ecaleni eliqulwa enkantolo. Ngubani ummangalelwa kuleli cala kanti futhi uboshelweni? (2)

3.2.10 Ake usho ukuthi sibaluleke ngani lesi sithombe kuleli cala. (2)

3.2.11 Ngokuzwa kwakho indaba ubulewe ngubani umufi? (1)

3.2.12 Lo fakazi ophonswa imibuzo lapha kunokuthile ajwayele ukukusebenzisa okuwusizo kuyena kodwa akakusebenzisi namuhla. Ingabe kuyini lokho? (1)

3.2.13 Ngubani lo ophonsa ufakazi imibuzo? (1)

3.2.14 Ingabe oMenzi noZenzele bahlangana kanjani naleli cala eliqulwayo? (1)
**[12]**

**IMIKLOMELO YESIGABA C: [25]**

**IMIKLOMELO ISIYONKE: 75**

**ISIPHETHO**